

MSELENI HOSPITAL

NEWS LETTER: SECOND OF IT'S KIND

Index

- PG 1: Hospital Manager's Greetings
Head Office Visit
- PG2. National M.P's Visit
Outreach Programme
- PG3 Be computer literate
New Kids on the block
Maintenance staff
Renovations in Paeds Ward
- PG 4: Short reports
- PG 5 Welcoming of new staff
- PG 6: Out going staff members
Visits times
- PG 7: Sports! Sports! Sport!



Hospital Managers
Mrs T.A. Mqadi

Hi all

Welcome to the new financial year once Again.

We are faced with challenges especially of Human Rights and transformation. In order to achieve our goals we need to have happy employees, since happy working teams yield good production.

Since wise people say happiness is not achieved by conscious. Pursuit of happiness, it is generally the product of other activities. I would urge Mseleni staff to enroll themselves to commitments, Co-operation and a strong will to succeed in this far Northern part of KZN.

There is only one way to happiness and that is to cease working about things that are beyond the power of our own, so wise men say. ***Wish you all well***

Ithimba lakomkhulu

Besivakashelwe yithimba lakomkhulu emnyangweni wezempilo, lathleka emagekeni aseMseleni liholwa ngumhlonishwa usolwazi uGreen Thompson, umphathi womnyango wezempilo. Isibhedlela sabe silindele ukuba ithimba lihambisane nongqongqoshe wezempilo esifundazweni sakwaZulu Natal uMrs Peggy Nkonyeni, kodwa akazange wakwazi ukuphumelela ngenxa yomunye umhlangano owawuphuthuma.

Selilonke ithimba lakomkhulu lalimi kanje: Proff Green Thopson uDr Zungu, Dr Sewlall, Dr Gumede no Dr Buthelezi bahlangatshezwa abaphathi besiyingi sethu (DC 27) uMiss-Maoela umphathi siyinki noMiss Themba. Ababethamele izinkulumo ezehlukene, Hospital Board, abasebenzi besibhedlela nabezindaba (Maputaland Radio).

Eqala inkulumo yakhe u-Prof Thompson uqale ngokuxolisela uNqongqoshe wethu uMrs P. Nkonyeni ngokungaphumeleli, eqhubeka u-Prof Thomson ugqizelele kubasebenzi bezempilo eMseleni ukuthi ikomkhulu akubona abaphathi kodwa abaphathi umphakathi ofika esibhedlela ngokugula okwehlukene, waphinda wangqizelela ukubaluleka kokuba ziphathwe ngenhlonipho iziguli, siphinde senze njengoba isho imigomo eyishumi nanye yeBatho-pele, usolwazi uThomson wakuveza nokuthi bayazi ngezinkinga ezahlukene zezibhedlela zasemakhaya njengezindawo zokuhlala abasebenzi, okugcina Kuholele ekuswelekeni kwabasebenzi abanobuchule. Wase ededela abaphathi besibhedlela ukuba bathule inkulumo.



Ithimba lakomkhulu, abaphathi siyinki nabaphathi besibhedlela (Mseleni)

inkulumo yethulwa uMedical Manager wethu Dr V.G. Fredlund okwagqama kakhulu kuyo ukuthi thina njengesibhedlela siphuma kude futhi sisendleni eyiyo impela ezosiholela kwimpumelelo ukuba silulethe ngezinga eliseqophelweni eliphhezulu usizo lwezempilo. Ithimba lakomkhulu labe selizungeza isibhedlela libuka lezozindawo ezikhethekile, izindawo zokuhlala, amakhaza nendawo yokulindela usizo olwahlukene lwezempilo (OPD)

Isivakashi Esivela ephalamende

Isibhedlela sibuye savakashelwa yimemba yephalamende kuhulumeni kazwe lonke uMnu Mabuyakhulu ezoxixisana nabaphathi besibhedlela nabezinhlaka ezahlukene esibhedlela



Isithombe: Umphathi sibhedlela, Umnumzane Mabuyakhulu nomhlengikazi N.P. Dlamini

UMnuz. Mabuyakhulu wathi inhloso enkulu yalokhu kuvakasha ukuthola umqondo ovulekile ngokwenzekayo esibhedlela saseMseleni.

Wabe esethi yena uyoba esethula inkulumo ephalamende ngakho konke akubonile ngoba ngokwephalamende yena usebenza kulesisiyngi esakhelwe isibhedlela uMseleni esegcina wathi okumchaze kakhulu akubonile inhlazeko.

Siphinde salula isandla

Isibhedlela saseMseleni besimeme abafundi bakamatikuletsheni kulendawo yaseMseleni namaphethelo. Abafundi ababemenyiwe yilabo abenza izifundo zobuciko nobuchwepheshe (Science Subject) bephelezela ngabafundisi babo.

Siyazi sonke ukuthi isisho sesiZulu sithi inkunzi isematholeni, Inhloso enkulu yaloluhlelo ukuba abafundi kwiyingi sethu bazikabanzi ngamathuba akhona ezimpilweni zabo,



Omunye wabasebenzi uchazela Abafundi ngemikhakha Eyehlukene

njengoba sazi ukuthi uhulumeni emnyangweni wezempilo unezinhlalo zemifundaze kulabo bafundi

Abafuna ukufunda kulemikhakha ephathelene nobuchwepheshe. Abafundi banikwa nethuba lokubuza imibuzo, baphinda bavakashiswa nakwiizindawo zokusebenzela ezahlukene, njengobuDokotela nokunye. Imikhakha eyehlukene yethula izinkulumo abafundi balalele batshengiswa ukuthi susestshenzwa kanjani esibhedlela kuleyomikhakha, okungoDokotela, ezithombeni, emithini namaphilisi, kosomsoco, emazinyweni nasemathanjeni, babesebehlelelwe isidlo sasemini.

Sibonga kakhulu kuDr V.G. Fredlund uMedical Manager ngayo yonke imizamo yakhe ukuthi intsha yethu iphumelele, Isizwe siyisizwe ngabantu abasha abanenjengo ngezimpilo zabo nezimpilo zabanye abantu



Abafundi bakhombisa ukuluthakasela lolusuku ngolwazi abalutholayo

Tholulwazi

Abafundi bematasa ecomputer center
yesibhedlela saseMseleni



Sinendawo yokufundela icomputer, ezinye izibhedlela kwisiyngi sethu zithumela abasebenzi bazo ukuzofunda eMseleni yilo leliqembu labafundi abazofunda lithathwe limatasatasa lichofa lixhafaza , siyethemba ukuthi amakhono abawatholile bazowasebenzisa ezibhedlela zabo

ABAFUNDI ABASHA (ABAHLENGIKAZI)



Abafundi bobuhlelengikazi abasijoyinile ngoApril 2005, uGroup 4/2005, siyabemukela mabazizwe beseKhaya. Sibafisela impumelelo kulesisikhathi benathi

Sisebenza senamile eMseleni



Lapha sibona abasebenzi baseMaintanace benza umsebenzi wabo ngokuzimisela bethokozile

Paediatric Ward



Kulungiswa igumbi lezingane

HEALTHY EATING HABITS THIS WINTER



Miss G. Sparks
(Dietitian)

Our eating habits are defined by our lifestyles that are busy stressful. Our lifestyles are therefore not conducive to healthy eating habits. The south African Food Based Dietary Guidelines (FBDG'S) focus on healthy eating habits rather than on individual nutrients making them more user friendly

There are no good or bad foods, only good and bad habits. We therefore need to assess our eating habits and make lifestyle changes that bring about eating habits.

So what are good eating habits?

The FBDG'S for South Africa are:

Enjoy a variety food

Be active

Drink lots of clean, safe water

Make starchy foods the babies of most meals

Eat plenty of vegetables and fruits everyday.

Eat dry beans, peas, lentils and Soya regularly

Chicken, Fish, meat or eggs can be eaten daily

Eat fast sparingly, Use salt sparingly

Use food and drinks containing sugar sparingly and not between meals

If you drink, drink sensibly

For more information contact your Dietitian

(Miss G. Sparks)

EZINYE ZEZHINHLAKA ZOKUSEBENZA ESIBHEDLELA



**Inkulumoka Mr S.T. Mavundla
(Auxiliary Service Manager)**

Ezokuphepha (Security)

msebenzi walomnyango ukuqinisekisa ukuthi iziguli zethu ziyaphepha, abasebenzi kanye nempahla yesibhedlela

ulomnyango sizimisele ukugcina umthetho ngokungakhethi bala lamuntu noma isikhundla somuntu

Exokuxhumana (Tele-communication)

Lomnyango yisona sibuko sesibhedlela ngaphandle kwawo isibhedlela asikho ndawo. Sihlale sibhekene nenselelo yokuba siqoqe ulwini lwethu ngesikhathi sixhumana nomphakathi

Ezenhlazeko

Ubuhle nokuhlazeka kwesibhedlela kuncike kulelithimba
Elisebenza ngokuzikhandla. Okunconywa yiwo wonke Umuntu ovakashela kuleisibhedlela phezu kokuba besebenza ngaphansi kwezimo zokushoda kwabasebenzi nokugula

Ezokuthutha (Transport)

Lomnyango ubhekene nokuthutha abasebenzi beya ezindaweni ezahlukahlukene, kungaba imihlangano nokulandwa kwezinsiza kusebenza. Inselelo ebhekene nalomnyango ubunhlobonhlobo bezingqondo zabantu, kubuye kuqinisekiswa ukuthi wonke umuntu uyaluthola usizo ukuze kusizakale umuntu ogulayo.

Iindolo (Laundry)

Sihlanza izingubo ezigqokwa iziguli zethu. Abasebenzi balomnyango bawenza lomsebenzi basebenzisa ubuxhakaxhaka bemishini enhlobonhlobo. Ngokuzimisela kwabo nangaphansi lwezimo ezinzima.

IKHISI(Kitchen)

Umnnyango osiphathele ukudla kweziguli nabasebenzi kuqinisekiswa ukuthi sithola ukudla okunazonke izakhamzimba ngoba impilo ayilele emaphilisini nasemithini kodwa kakhulukazi ekudleni ukudla okuhlazekile nokunezakhamzimba.

Ngibonga kakhulu ubambiswano kubobonke Abasenzi kulezizinhlela esezibaliwe ngaphezulu.

Mr S.T. Mavundla

samukela bonke abasebenzi abasha
sithi mabazizwele basekhaya,
siqhube lenqola yezempilo
ngobuqotho.

-  Dlamini H.N.T. -Admin Clark
-  Thwala L.M. Finance & Systems Manager
-  Myeza N.P. -Enrolled Nurse
-  Thula C.J. -SNA
-  Thwala P.C.-Senior Enrolled Nurse
-  Mathenjwa S.E. -ENA
-  Ngubane V.M. ENA
-  Kunene N.F. ENA
-  Ntuli S.N. ENA
-  Ngcamphalala ENA
-  Nxumalo N. ENA
-  Mthembu L.P.T. ENA
-  Nsunkwini S.M. ENA
-  Mdletshe S.L. ENA
-  Zikhali T.N. ENA
-  Berry D.E. Physiotherapist
-  Sparks G.B. Dietitian
-  Thwala T.L. Radiographer
-  Van As MJ. Community Physiotherapist
-  Lemmer J. Medical Officer
-  Malherbe J.L.R. Medical Officer
-  Picken G. Medical Officer
-  Gumede S.S. Physiotherapist
-  Webb A.J. Community Medical Officer
-  Webb M.J. Medical Officer
-  Webb N.G. Medical Officer
-  Mthethwa M.D. ENA
-  Mthethwa N.H. PN
-  Mdunge T. CPN
-  Zikhali M.S. SAO
-  Chetty S. Community Pharmacist
-  Nhlozi F.G. Data Capturer
-  Ngubane N.N. B. ENA
-  Nxumalo N.P. EPN
-  Ngubane B.T. EPN
-  Ngema G. EPN
-  Dlamini H.S. EPN
-  Ntuli Z.P. EPN
-  Mdluli T.A. EPN
-  Mthembu N.N. EPN
-  Myeni N.A. EPN
-  Mntambo T.S. ENA
-  Zikhali S.L. ENA
- Mthethwa S.F. ENA


ABAKHUSHULELWE EZIKHUNDLENI

-  Nyawo N.L. (PN)
-  Nkanini Z.C (PN)
-  Nxumalo D.N. (PN)
-  Pandohe P.H.P. (PN)
-  Nxumalo M.G. (PN)
-  Makhanya D.P. (PN)
-  Ngubane S. (EN)
-  Ngubane S.M. (EN)
-  Mbonambi T.C. (EN)
-  Zikhali S.N. (EN)
-  Manukuza N.M. (EN)
-  Mdluli S.N. (EN)
-  Gumede P.N. (EN)
-  Mabika K.P. (EN)
-  Gumede F.F. (EN)
-  Ntuli M.M. (EN)

TRANSFERS OUT

-  Myeni N.L. -CPN to Ngwelezana
-  Mthembu N.E. -PN IAL Hospital
-  Naidu K.K. -Medical Officer to Stanger Hospital



RETIREMENTS

-  Ngubane B.
-  Mthembu N. HHC
-  Nzimande J.J. HHC
-  Mthethwa C.S. (SEN)
-  Mbonambi B.M. Registered Midwife

RESIGNATIONS

-  Jammer J.H.
-  Pletzer P.E.
-  Mdluli T.A

DEATHS

-  Mtshali B. EN
-  Nkosi Z.B.
-  Nyawo B.J. EPN
-  Mabika T.O. Admin Officer
-  Mthembu P. Security Guard

Isibhedlela sidlulisa ukudabuka kwaso kwimindeni,
izihlobo nakubangani

Amazwi okuvalelisa



Mrs S.N. Ntuli
Nursing Manager

Ngithi kuleminyaka engamashumi amathathu nantathu Ngisebuhlengikazini kube nokuningi okuhle, nokumnandi, izinguquko, izihibe kodwa konke lokho akusivimbanga nokuqhubeka nokulethe usizo lwezempilo kubantu. Ngithi kozakwethu abaqhubeka bayibambe khona lapho. Unkulunkulu abe nomusa aniphe amandla nokubekezela, ngoba nobongwa ngemisebenzi yenu.

Lawo ngamazwi ka Mrs S.N. Ntuli (Nursing Manager) osezoshiya ngenyanga kaJune 2005 athathe umhlalaphansi.

Abasebenzi besibhedlela saseMseleni bamfisela umhlalaphansi onetokomalo nokuthula, uibekile induku ebandla ntombazana

Bekuvaleliswa omunye umhlengikazi wethu



Paeds Staff

Sibongela Igumbi lethu lezingane eMseleni (Ward 3) ngokusebenza kahle, liwashaye wonke amanye amagumbi ngekota edlule. lapha sibona abasebenzi baleligumbi bejabule nenkomishi yabo abayizuzile,

lomcimbi wahlanganiswa nowokuvaleliswa kuka Mrs N.E. Mthembu (Professional Nurse) oseyosebenza esibhedlela Inkosi Albert Luthuli, simfisela konke okuhle nalapho ayakhona, aqhubeka asimele akhombise ukuthi uphuma kovuthiwe u"Msese"ngoba lapho sika khona siba izibane

Azikabanzi ngezikhathi zokuvakashela Lesisibhedlela

**Izikhathi zokuzobona abagulayo abalalisiwe: kusukela Ngomsombuluko kuya
Ngesonto**

**Ngomsumbuluko: 09h00-11h00 Ekuseni
14h00-16h00 Ntambama**

Iclinic yonyonga (Mseleni Joint Diseases/ MJD): Ibanjalo ngolwesibili.

Iclinic yamazinyo: NgoMsombuluko kuaya kuLwesithathu maSonto onke

Ezemidlalo

Imidlalo ebihlelwe eMosvold lapho bekukhona izibhedlela ezine, okuyi Mosvold, Mseleni, Manguzi neMontobello Kwelomnqakiswano kwagcina kunqobe iMosvold Kwelezinyawo abashaha amakhanda zonke izibhedlela ezazekhino kwabe yiManguzi

MANGUZI HOSPITAL



MONTOBELLO HOSPITAL



MSILENI HOSPITAL



MOSVOLD HOSPITAL

